Okuqukethwe

1	Ukudala kanye Nokuwa—*September 28-October 5*	118
2	Izimbangela Zeyanhlukwano—*October 6-12*	126
3	"Ukuba Bonke Babe Munye"—*October 13-19*	134
4	Isihluthulelo Sobunye—*October 20-26*	142
5	Amava Obunye Ebandleni Lokuqala—*October 27-November 2*	150
6	Imifanekiso Yobunye—*November 3-9*	158
7	Lapho Kuqubuka Ukungquzulana—*November 10-16*	168
8	Ubunye Okholweni—*November 17-23*	176
9	Ubufakazi Obuqandula Ikhanda—*November 24-30*	184
10	Ubunye Nobudlelwane Obephukile—*December 1-7*	192
11	Ubunye Ekukhonzeni—*December 8-14*	200
12	Ukuhleleka Kwebandla kanye Nobunye—*December 15-21*	208
13	Ubuyiselwa Kokugcina Kobunye—*December 22-28*	216

Ihhovisi Lokuhlela:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Woza usivakashele kwi-website yethu:
http://www.absg.adventist.org

Umbhali:
ngu Denis Fortin

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Isekela Lomhleli:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezokushicilela:
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli:
Sharon Thomas-Crews

Pacific Press® Coordinator:
Wendy Marcum

Art and Design:
Lars Justinen

Ohumushile:
Dumisani Bhengu

© 2018 I-General Conference yama-Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Akukho ngxenye yeSifundo Sesikole SeSabatha Sabadala engahlelwa, iguqulwe, ihumushwe noma ishicilelwe yinoma ngubani ngaphandle kwemvume elotshiwe ephuma kwi-General Conference yama-Seventh-day Adventists®. Ama-division offices e-General Conference yama-Seventh-day Adventists® anikeziwe igunya lokuhumusha Isifundo Sesikole SeSabatha Sabadala, ngaphansi kwemibandela ethile. Ama-Copyright alokhu kuhumushwa azosala e-General Conference. "Seventh-day Adventist," "Adventist" kanye nophawu lwelangabi kubhalisiwe ngaphansi kwe-General Conference of Seventh-day Adventists® futhi akuvumelekile ukuba kusetshenziswe ngaphandle kwemvume ephuma e-General Conference.

Isifundo Sesikole SeSabatha Sabantu Abadala silungiswe yihhovisi leZifundo Zesikole SeSabatha Zabantu Abadala le-General Conference yama-Seventh-day Adventist. Ukuhlelwa kwezifundo kuphansi kokuqondiswa yiKomidi LeZifundo Zesikole seSabatha lomhlaba wonke, elimalungu alo angabahleli abelulekayo. Isifundo esishicilelwe siwumphumela wekomidi, kanjaloke akuwona umbono womhleli noma abahleli.

Ubunye Bethu KuKristu

Ibandla lingumndeni kaNkulunkulu emhlabeni: likhonza, lifunda, futhi lidumisa ndawonye. Libuka kuJesu njengomholi kanye nomhlengi walo, ibandla libizelwe ukuba lihambise izindaba ezilungileyo zosindiso kubantu bonke. U-Number 14 we-Fundamental Beliefs zeBandla lama-Seventh-day Adventist uthi, kafushane: "Ibandla ngumphakathi wamakholwa avuma uJesu Kristu njengeNkosi noMsindisi. Ngokuqhubeka nabantu bakaNkulunkulu bezikhathi zeTestamente Elidala, sibizelwe ukuba siphume ezweni; futhi sihlanganyele ndawonye ekudumiseni, ebudlelwaneni, ukwelulekwa Ezwini, ukugubha Isidlo seNkosi, ukusebenzela sonke isintu, kanye nokumemezela ivangeli emhlabeni wonke."—*Seventh-day Adventists Believe* (Boise, Idaho: Pacific Press© Publishing Association, 2005) p. 163.

Kepha siqondeni ngebandla na? Ngubani oyilungu lebandla na? Impendulo yalemibuzo incike nganxanye ekuchazeni kwethu ibandla. Nembala ibandla ngumphakathi wabakholwa kuJesu abalalela iNkosi futhi bahlanganele ukudumisa kanye nokukhonza. Bangahlanela ezindlini noma ezinkonzweni ezinkulu (Rom. 16:10, 11). Ngebandla futhi siqonde isakhiwo okuhlangela kuso amaKristu. Kodwa lokhu akuyona incazelo enhle kunazozonke yebandla. Ibandla limayelana nabantu, hhayi izakhiwo.

KwiTestamente Elisha, ngezinye izikhathi ibandla libhekiswe kwiqembu lamakholwa endaweni ethile. Ngalokho, ngenkathi uPawule ekhuluma nebandla laseGalathiya, wayebhekise kumabandla amaningi emadolobheni kanye nasezigodini zalesosifunda (Gal. 1:2; buka futhi u-1 Pet. 1:1). Ngebandla sivame futhi ukucahza abantu abayingxenye yohlelo oluthile lwenkolo noma abazibiza ngegama elichaza izinkolelo kanye nomlando wabo.

Kepha, zonke lezizincazelo aziphelele. Ibandla lingabantu bakaNkulunkulu emhlabeni wonke jikelele. Futhi nakuba uKristu enabalandeli abathembekileyo ezinhlelweni ezahlukene (Iningi labo Ekugcineni elizoba yingxenye yensali kaNkulunkulu [Samb. 18:1-4]), kulekota sizogxila ebandleni lethu, Ibandla lama-Seventh-day Adventist, nokuthi ubunye kuKristu busho ukuthini kithi.

I-Fundamental Belief 14, ethi Ubunye Emzimbeni kaKristu, ithi: “Ibandla ngumzimba owodwa onamalungu amaningi, abizwe ezizweni zonke, ezilimini, nakubantu bonke. KuKristu siyizidalwa ezintsha; ukwehlukanisa ngobuhlanga, amasiko, imfundo, kanye nobuzwe, kanye nokwehlukanisa kwabaphezulu nabaphansi, abacebile nabampofu, kwabesilisa nabesifazane, akumele kudale iyanhlukwano phakathi kwethu. Sonke siyalingana kuKristu, okuthe ngoMoya owodwa wasibophela ebudlelwaneni obubodwa kanye Naye futhi nakomunye nomunye; kumele sisebenzele futhi sisetshenzelwe ngaphandle kokukhetha nokuzibamba. Ngesambulo sikaJesu Krsitu Emibhalweni sabelana ngokholo kanye nethimba elifanayo futhi sifinyelele ngokulinganayo ekufakazeni kubo bonke. Lobubunye kumele kube ngumsuka wobunye bukaNkulunkulu oziqu zintathu, osenze saba yizingane Zakhe.”—*Seventh-day Adventist Believe*, p. 201.

Inhloso yalezinhlelo zesifundo zeBhayibheli ngeyokuhlinzeka ukufundisa ngezibhalo ngesihloko sobunye bobuKristu kithina njengama-Seventh-day Adventist, okumanje, njengalokhu kuvamile, sibhekene nezinselelo kulobobunye, futhi koba njalo kuze kube sekugcineni kwesikhathi.

Nakuba kunjalo, Ezibhalweni sithola imibono eminingi kanye nemiyalezo eminingi ngendlela yokuphila isipho sikaNkulunkulu sobunye kuKristu. Lemibono, leyo miyalezo ngokuphila kanye nokukhombisa ebandleni lethu lobobunye esibunikeziwe, yikona esigxile kukho kulekota.

U-Denis Fortin ungu-professor we-theology kwi-Seventh-day Adventist Theological Seminary, i-Andrews University, e-Berrien Springs, Michigan. Selokhu aba yingxenye yothisha be-Theological Seminary ngo-1994, u-Fortin usebenze futhi njengomqondisi wohlelo lwe-Master of Divinity (1999–2001), isekelela lomqondisi (2000–2004), usihlalo we-Department of Theology and Christian Philosophy (2006), kungekudala, njengomqondisi (2006–2013).